



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

FEBRUWARI/MASHI 2016

AMAMAKI: 80

ISIKHATHI: Amahora ama-2½

Leli phepha linamakhasi angama-33.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uqale ukuphendula imibuzo.
2. Ungafundi imibuzo yonke yephepha. Qala ubheke uhla lokuqukethwe olukhonjisiwe bese ukhetha imibhalo oyifundile kulo nyaka. Emva kwalokho, funda imibuzo yaleyo mibhalo bese ukhetha imibuzo ozoyiphendula.
3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A: Izinkondlo	(30)
ISIQEPHU B: Inoveli/Ubuciko bomlomo	(25)
ISIQEPHU C: Umdlalo	(25)

4. Phendula imibuzo EMIHLANU isiyonke: ISIQEPHU A: Imibuzo EMITHATHU, ISIQEPHU B: Umbuzo OWODWA, ISIQEPHU C: Umbuzo OWODWA njengoba kukhonjisiwe.

ISIQEPHU A: IZINKONDLO
IZINKONDLO EZIMISELWE – Phendula imibuzo EMIBILI.
INKONDLO ENGAMISELWE – UPHOQELEKILE ukuphendula lo mbuzo.

ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO
Phendula umbuzo OWODWA.

ISIQEPHU C: UMDLALO
Phendula umbuzo OWODWA.

5. INDLELA YOKUPHENDULA IMIBUZO YESIQEPHU B (INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO) KANYE NEYESIQEPHU C (UMDLALO).

- Phendula KUPHELA imibuzo yenoveli/ubuciko bomlomo kanye neyomdlalo owufundile.
- Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omude ESQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omfushane ESQESHINI C. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omfushane ESQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omude ESQESHINI C. Sebenzisa uhla oluyinkomba lokuphendulwa kwemibuzo ukuze lukwelekelele ekukhetheni imibuzo.

6. UBUDE OBULINDELEKILE BEZIMPENDULO

- Impendulo yombuzo omude ezinkondlweni mayibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.
- Izimpendulo zemibuzo emide enovelini/ebucikweni bomlomo kanye nasemdlalweni mazibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.
- Ubude bezimpendulo zemibuzo emifushane buyolekelelwa amamaki anikeziwe okuyiwona ayolawula ohlolwayo ukuthi kumele aphenidule kangakanani. Abafundi mabaqaphele ukuthi bangathemelezi kodwa baphendule okubuziwe.

7. Landela ngokucophelela imiyalelo oyinikeziwe ekuqaleni kwaleso naleso siqephu.
8. Qaphela ukuthi izinombolo ozisebenzise ezimpendulweni zakho ziyahambisana nalezo ezisetshenziswe abahlolayo emibuzweni.
9. Qalisa isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA.
10. Ukusetshenziswa kwesikhathi kungahlelwa ngale ndlela:
ISIQEPHU A: Imizuzu engama-40
ISIQEPHU B: Imizuzu engama-55
ISIQEPHU C: Imizuzu engama-55
11. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo.

OKUQUKETHWE

Leli khasi liyolekelela abahlolwayo ukuba bakhethe imibuzo abazoyiphendula ngaphandle kokufunda imibuzo yephepha lonke.

ISIQEPHU A: IZINKONDLO			
Izinkondlo ezimiselwe: Phendula noma ngabe yimiphi imibuzo EMIBILI.			
INOMBOLO YOMBUZO	UMBUZO	AMAMAKI	INOMBOLO YEKHASI
1. 'Juba Lami'	Umbuzo omude	10	6
2. 'Isililo'	Umbuzo omfushane	10	7
3. 'Inhlonipho'	Umbuzo omfushane	10	8
4. 'Noma Sekunje'	Umbuzo omfushane	10	10
KANYE			
Nenkondlo engamiselwe: Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo.			
5. 'Namhlanje Usubuya Ngebhokisi'	Umbuzo omfushane	10	11
QAPHELA: Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omude ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omfushane ESIQESHINI C. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI B kanye ESIQESHINI C.			
ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO			
INOVELI: Phendula umbuzo OWODWA kule noveli emiselwe.			
6. <i>Bengithi Lizokuna</i>	Umbuzo omude	25	13
7. <i>Bengithi Lizokuna</i>	Umbuzo omfushane	25	13
8. <i>Usumenyazelwe-ke Umcebo</i>	Umbuzo omude	25	15
9. <i>Usumenyazelwe-ke Umcebo</i>	Umbuzo omfushane	25	16
10. <i>Kunjalo-ke</i>	Umbuzo omude	25	18
11. <i>Kunjalo-ke</i>	Umbuzo omfushane	25	18
NOMA			
UBUCIKO BOMLOMO: Phendula umbuzo OWODWA kolobu buciko bomlomo obumiselwe.			
12. <i>Uju Lwezizukulwane</i>	Umbuzo omude	25	20
13. <i>Uju Lwezizukulwane</i>	Umbuzo omfushane	15	23
ISIQEPHU C: UMDLALO			
Phendula umbuzo OWODWA kule midlalo emiselwe.			
14. <i>Kudela Owaziyo</i>	Umbuzo omude	25	27
15. <i>Kudela Owaziyo</i>	Umbuzo omfushane	25	27
16. <i>Awuwelwa UMngeni</i>	Umbuzo omude	25	30
17. <i>Awuwelwa UMngeni</i>	Umbuzo omfushane	25	30

QAPHELA: Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE ESIQESHINI B kanye ESIQESHINI C. Akuvumelekile ukuphendula imibuzo EMIBILI emide noma EMIBILI emfushane.

Uhla oluyinkomba yokuphendulwa kwemibuzo.

Emuva kokuphendula imibuzo yaleli phepha sebenzisa lolu hla oluyinkomba yokuphendulwa kwemibuzo olulandelayo ukuze ube nesiqiniseko sokuthi uyikhethe ngokufanele imibuzo okulindeleke uyiphendule.

ISIQEPHU	INOMBOLO YEMIBUZO	INANI LEMIBUZO EPHENDULIWE	THIKA
A: Izinkondlo (Ezimiselwe)	1–4	2	
A: Inkondlo (Engamiselwe)	5	1	
B: Inoveli (Umbuzo omude NOMA omfushane)	6–11	1	
B: Ubuciko bomlomo (Umbuzo omude NOMA omfushane)	12–13	1	
C: Umdlalo (Omude NOMA omfushane)	14–17	1	
<p>QAPHELA: ESIQESHINI B no C, qinisekisa ukuthi uphendule umbuzo OWODWA OMUDE kanye nombuzo OWODWA OMFUSHANE. Awuvumelekile ukuphendula imibuzo EMIBILI emide noma imibuzo EMIBILI emifushane.</p> <p>ESIQESHINI B, khetha phakathi kwenoveli nobuciko bomlomo, uphendule UMBUZO OWODWA, ungaphenduli ngazo zombili lezi zinhlobo zemibhalo.</p>			

ISIQEPHU A: IZINKONDLO**IZINKONDLO EZIMISELWE:**

Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI kulena emine ebuziwe elandelayo.

UMBUZO 1 (UMBUZO OMUDE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

JUBA LAMI – JJ Thwala

- 1 Hlala entendeni yesami,
- 2 Ngikubukisise ngikudlalise,
- 3 Inhliziyo yami iyokwenama,
- 4 Yenamiswe ubuhl' obungaphuphi
- 5 Obuyohlala njalo ingunaphakade,
- 6 Kuze kulamul' uNokufa.

- 7 Lapho undiza ezinkalweni,
- 8 Ungakhohlwa intende yekhethelo,
- 9 Owadalelwa ukuhlala kuyona,
- 10 Nayo yadalelwa wena,
- 11 Iyilokhu eyikhona ngawe,
- 12 Uyilokhu owuyikhona ngayo.

- 13 Lapho undiza ezigangeni
- 14 Ukhanga ubukhwebezane namahlala,
- 15 Ukhanga amakhiwane namathunduluka,
- 16 Ukhanga ngamajikijolo namanumbela,
- 17 Ukhanga ngamabhelebhele namaphozi,
- 18 Uz'ungangilibali juba lami.

- 19 Kimina uluphawu lwempilo,
- 20 Kimina uyisizinda somusa,
- 21 Kimina uyizimpande zothando
- 22 Kimina uyisisekelo sobunye,
- 23 Kimina uluphawu lokukhanya-
- 24 Hlal'entendeni yekhethelo!

- 25 Ndiza juba lami
- 26 Elingefaniswe nedlanga indlanyama,
- 27 Elingefaniswe nevukuthu indlamabele,
- 28 Elingefaniswe nomandunkulu ivumakabili,
- 29 Elingefaniswe nesakabuli unontandakubukwa-
- 30 Uyisipho sami sakwamhlaba.

- 31 Jubalala juba lami
- 32 Ngizishay' isifuba ngawe,
- 33 Nom'ukwelojobela emihlangeni,
- 34 Nom'ukwelofukwe emihosheni'
- 35 Nom'ukwelamajubantendele emaweni,
- 36 Ungowami namuhla nangomuso.

Umqondo ocashile wale nkondlo uyenza ibe seqophelweni eliphezulu. Xoxa ngomqondo ocashile wale nkondlo. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama ayi-190 kuya kwangama-240. Ulindleleke ukuba uphendule lo mbuzo njenge-eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo:

- Makuchazwe umqondo ocashile.
- Makusekelwe ngokucaphuna nokubhekisa enkondlweni.

[10]

NOMA

UMBUZO 2 (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISILILO – FY Ncube

- | | |
|----|---------------------------------------|
| 1 | Ngizihambile izindawo ngezindawo |
| 2 | Ngafic' abazali bekhil' isililo |
| 3 | Bekhil' esezimal' ezemuke namanzi. |
| 4 | Izingane zihambe iminyaka |
| 5 | Ziyothekela ulwazi olunzulu |
| 6 | Oluzoleth' intokozo ngomuso. |
| 7 | Liphumile lashona |
| 8 | Wagamanxa, waphela unyaka. |
| 9 | Yalandela neminye. |
| 10 | Lugcine lufikil' olwamanqamu |
| 11 | Bagoduk' oNjabulo noNonjabulo |
| 12 | Bananela ngenkul' injabul' abazali |
| 13 | Bancoma babonga banconcoza. |
| 14 | Ziphume zizihl' izinsizwa nezintokazi |
| 15 | Ziphume zagcwal' izinkalo namathafa |
| 16 | Zihamba zithungath' imisebenzi; |
| 17 | Zigabe ngemfund' eziyijulukele. |
| 18 | Zonke ziphum' inqina kamabuyaze; |
| 19 | Izikhulu neziphathimandla ndawo zonke |
| 20 | Zikhuze zababaza umhlola |
| 21 | Zikhala ngezikhungo ezingaziwa |
| 22 | Ezikhapha' iziqu zomgunyathi. |
| 23 | Kusuke esinamathambo |
| 24 | Kuqhume isililo esikhulu |
| 25 | Sebeshay' utshan' omahamba nendlwana |
| 26 | Sebeyobhubhisa phambili. |

27	Zikhulu zemfundo sukumani,
28	Vulan' amehlo kuliwe nale mpi
29	Nas' isizwe sifa siphela
30	Naz' izimali zabazali zicwila,
31	Nazi izingane zabantu zijulukel' ubala!

- 2.1 Tomula umugqa oqukethe isizura/isikhawu bese usho ukuthi sibe namuphi umthelela kule nkondlo. (2)
- 2.2 Yisho okufanayo ebinzeni loku-1 nelesi-7. (2)
- 2.3 Sizathu sini esenze imbongi yakhetha amagama 'oNjabulo noNonjabulo' ebinzeni lesine kule nkondlo? Sekela impendulo yakho. (2)
- 2.4 Kungaba namphumela muni uma izikhulu zemfundo zingalusukumela lolu daba lwezikhungo ezingekho emthethweni? (2)
- 2.5 Uyavumelana noma uyaphikisana nombono wokuthi imbongi isebenzise ithoni enokuphoqa ebinzeni lokugcina kule nkondlo? Sekela impendulo yakho ngokubhekisa emazwini ayo. (2)

[10]**NOMA****UMBUZO 3: UMBUZO OMFUSHANE**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

INHLOLIPHO – KM Hlongwane

1	Laf' elihle kakhulu!
2	Laf' elikaPhunga noMageba!
3	Yashona ngaph' inhlonipho?
4	Yadliwainja iyinyama yini?
5	Waqophisana nami kwagcin' elakho,
6	Wangibuka phansi wangibuka phezulu
7	Qede washingila wangishiya nginkemile.
8	Izeluleko zam' uzishay' indiva!
9	Wahamb' izindlela zobumnyama,
10	Wabuya ngesikabhadakazi,
11	Wadudana nabangan' ababi,
12	Ngakhuza kwanhlanga zimuka nomoya!
13	Ngakhuluma nawe wachiz' ukotshi,
14	Wangibuka wanginyonkoloza,
15	Ngihloniphe mntanami
16	Ukuze nawe uhlonishwe.

17	Waqophisana nothish' esikoleni
18	Waphikisana nendalo nokuphila kuyo,
19	Wab'ukhanda limtshel' okwakhe,
20	Konakelephi sizwe sakithi?
21	Wazinikel' otshwaleni,
22	Walala ngabo wavuka ngabo,
23	Okuya ngasethunjini do!
24	Ngihloniphe bo!
25	Ngakukhuza wangibiza ngoMadala,
26	Ngathi ngikubek' isandla ngaphenduk' isiboshwa,
27	Indlel' ibuzwa kwabaphambili mntanami!
28	Ngeliny'ilang' uyokhal' ezimathonsi,
29	Ngobe ngingasekho mntanami!
30	Waba nguNdabuzekwayo emphakathini,
31	Waba inhlekisa ezweni
32	Qede ngahlebeka nami
33	Ngelinye ilanga eliyisilima
34	Uyoba ngumtshing' ubethwa ngubani!
35	Ukhala ngokuthi ngiyakuhlukumeza
36	Uma ngikululeka ngokwakhayo,
37	Ngizam' ukwakha nokukubumba,
38	Ukuz' ungabhidliki noma
39	Sengaya kwagoqanyawo!
40	Ukhohlwa yint' eyodwa <u>vo</u> :
41	Uthando aluhlukumezi,
42	Iqiniso alihlukumezi,
43	Azihlukumez' izeluleko,
44	Ayihlukumez' imibono,
45	Inhlonipho ayisoze yahlukumeza.
46	Zihloniphe ukuz' uhlonipheke
47	Zithand' ukuzuthandwe.
48	Mntanami uhloniph' umhlaba
49	Ukuz' ikusasa lakho liqhakaze.
50	Ungakhohlwa, 'Kuhlonishwana kabili.'

- 3.1 Tomula isibonelo semvumelwano ebinzeni lesi-2 bese unika nohlobo lwayo. (2)
- 3.2 Ngokubhekisa emgqeni wesi-9 nowe-10, chaza kafushane okushiwo imbongi mayelana nezenzo zale ngane ekhuluma ngayo. (2)
- 3.3 Isenzukuthi esidwetshelwe emgqeni wama-40 sinamthelela muni kuleli binza? (2)
- 3.4 Amagama aqukethwe umugqa wesi-2 kule nkondlo asivezela muphi umqondo mayelana namagugu esizwe okukhulunywa ngaso lapha? (2)

- 3.5 Uyavumelana nokushiwo imbongi emgqeni wama-50? Sekela impendulo yakho.

(2)
[10]

NOMA

UMBUZO 4 (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

NOMA SEKUNJE – LF Mathenjwa

- 1 Ngibon' amakhand' ekhedamisile,
- 2 Ubuso bembethe usizi nokujabha,
- 3 Ukushabalala kwamathemba akubuzwa.
- 4 Imuva kalisabonwa,
- 5 Ikusasa liluvindi,
- 6 Kuzothiwan' uma kunje?

- 7 Amathemb' ayizolo ashabalele.
- 8 Izithembiso ziyagxotshwagxotshwa,
- 9 Isibindi simiswa ngelilodwa:
- 10 Qhubekani kuzolunga,
- 11 Umzabalazo awukapheli,
- 12 Silwela impilo engcono.

- 13 Njengobani olwa elambile?
- 14 Njengoban' odukuz' umnyama engaboni?
- 15 Likhethekile bala emasini,
- 16 Badansazile kwamakhelwane,
- 17 Basho ngelilodwa:
- 18 Qinan' isibindi sekuzolunga.

- 19 Ngabe ntombi usawakhumbula awakho?
- 20 Lon' usuku usalwazi na?
- 21 Kodwa ngingakulibala khona kanye?
- 22 Mhla sichwaza ngenhlokomo,
- 23 Inhliziy' ish' ukuphuma ngomlomo.
- 24 Phinde ngizophila noma sekunje.

- 4.1 Gagula imigqa EMIBILI eveza ukuthi isimo salaba okukhulunywa ngabo sasikhombisa ukudumala. Bhekisa impendulo yakho ebinzeni loku-1. (2)
- 4.2 Chaza kafushane okushiwo yimbongi ebinzeni lesi-2. (2)
- 4.3 Isimo sokukhuluma esiqukethwe umugqa we-15 sinamthelela muni ekuqondeni kwakho le nkondlo? (2)
- 4.4 Ucabanga ukuthi imbongi ihloseni ngokusebenzisa ukuxhumana emgqeni we-13 nowe-14? (2)

- 4.5 Phawula ngophawu lokuloba olusetshenziswe imbongi emgqeni we-19 kuya kowama-21.

(2)
[10]

KANYE

INKONDLO ENGAMISELWE

Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo.

UMBUZO 5 (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

NAMHLANJE USUBUYA NGEBHOKISI – ASM Zuma

- 1 Ngangikutshela mntanami,
- 2 Ngikuqeqesha ngazo zonk ' izindlela;
- 3 Ngikucongisa kuyo yonk' imiqansa;
- 4 Ngikuhlomisa ngazo zonk' izikhali;
- 5 Ngikuweza ngawo wonk'amazibuko:
- 6 Ngiyihawu lakho lensimbi
- 7 Kwinsunguz' emnyama,
- 8 Ngicongis' isibusiso sam' esivel' ezulwini:

- 9 Ngangingasoze mntanami ngikulahle
- 10 Ngoba nanini ngiyakuzala;
- 11 Kulo mhlaba, ukhona ngami;
- 12 Uyigazi nenyama namathambo ami-

- 13 Kepha ngakulwa ngahluleka,
- 14 Waputshuk' ezandleni zami.
- 15 Kwathi ngoba waphuma
- 16 Wazididiyela nemihlambi yako zalusile,
- 17 Yabhuntsha eyam' imizamo nezeluleko –

- 18 Namhlanje usubuya ngebhokisi;
- 19 Usuyingcuba emehlweni ezulu
- 20 Elingadli mjwaqu.

- 21 *Noma bengikuthanda mntanami.*
- 22 *Beningekweseke kokunje.*

[Icashunwe encwadini ethi, Usinga 1– NS Ntuli]

- 5.1 Tomula umugqa ebinzeni loku-1 okhombisa ukuthi umzali wale ngane okukhulunywa ngayo kule nkondlo wayeyivikela bese usho ukuthi lo mugqa uqukethe sifenqo sini.

(2)

- 5.2 Fingqa ibinza lesi-4 ngamagama akho.

(2)

- 5.3 Kunamthelela muni ukusetshenziswa kokuxhumana okusekugcineni ebinzeni lesi-2? (2)
- 5.4 Chaza umqondo oqukethwe umugqa we-16 nowe-17 kule nkondlo. (2)
- 5.5 Phawula ngomoya otholakala kule nkondlo. (2)

[10]**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO

Khetha uhlobo OLULODWA lombhalo phakathi KWENOVELI NOBUCIKO BOMLOMO, uphendule ngokulandela imiyalelo engezansi.

INOVELI

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

UMBUZO 6 (UMBUZO OMUDE)**BENGITHI LIZOKUNA – NG Sibiya**

Ngokubona kwakho ngabe umlandi ukwazile yini ukwethula indaba yakhe kule noveli ethi: *Bengithi Lizokuna?* Sekela impendulo yakho ucaphune izibonelo ezinembayo endabeni. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. Ulindleleke ukuba uphendule lo mbuzo njenge-eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo:

- Ukuchaza umsebenzi womlandi ekwethuleni indaba.
- Ukuphendula umbuzo ngokucaphuna nokwesekela ngezibonelo ezinembayo.
- Ukuveza uvo lwakho mayelana nokuthi umlandi ukwazile yini ukwethula indaba yakhe.

[25]**NOMA****UMBUZO 7 (UMBUZO OMFUSHANE)****BENGITHI LIZOKUNA – NG Sibiya**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA A

Laliduma ikhanda kuNkululeko. Zazingavumi ukusha izinyembezi, esikhundleni salokho zazilokhu zigobhozile nje, zigeleza njengomfula ogcwaliswe yimvula yezikhukhula ezinolaka. Babezama bandla ukumduduzisa abazali bakhe, izingane zakwabo, abangani nezihlobo. 'Ngizoba yini ngaphandle kukaNontobeko?' esho ephindaphinda umbuzo ayesewubuze kaninginingi, kungekho mpendulo efikayo.

'Kuzolunga mntanami,' kududuza unina ngezinyembezi.

'Kanjani kodwa mama?' ebuza ebihlika futhi.

'Indoda iyaqinisela ndodana. Indoda kayikhali,' kuchaza uyise edla imihlathi.

'Ngingakhali kanjani nje ekubeni ngifelwe yizwe?'

'Kalikufele izwe. Sikhona thina, siyakuthanda,' kuncenga uZinhle uthunjana wakwabo abalamana naye emhlane, abangamathe nolimi naye.

'Kaniyena uNontobeko nina. Kaniyena,' edazuluka kakhulu futhi. 'Siyakuthanda,' besho kanye kanye endlini.

'Kaniwuyena uNontobeko. Ngeke nisivale isikhala sakhe. Ngeke!'

Wasiphinda futhi isililo, wabashiya bethothongene, washona ekamelweni lakhe, wazithanqaza phezu kombhede wakhe, wo, wasidinda isililo. Ukhala nje kubuya yonke imizuzu emtoti ebichichima uthando lwakhe noNontobeko wakhe bandla. Kubuya zonke izifiso, amathemba, amaphupho. Nasi nje isithabathaba somuzi ebebehlale bethembisana ukuthi bayoqeda izikweletu zomshado qede bawuthenge. Nazi nje izithohlongwana zezingane ezimpofu njengabo bobabili ebebehlala bexoxa ngazo, bethi kuyodlula iminyaka emibili beshadile qede bazithole.

Kwabuya konke lokhu kuNkululeko, kwaphinde kwawuvula umthombo wezinyembezi, wawabona ephihlizeka amaphupho akhe, wakubona konke abekuphilela kuncipha phambi kwakhe.

- 7.1 Shono isizathu esasenza uNkululeko abe kulesi simo ayekuso ngokwalesi siqeshana. (2)
- 7.2 Chaza kafushane okwakucatshangwa nguNkululeko nababehlele ukukwenza benoNontobeko uma sebashadile ngokwalesi siqeshana. (3)
- 7.3 Ucabanga ukuthi lolu dweshu lwangaphakathi olwalwenzeka kuNkululeko kulesi siqeshana lwaba namthelela muni kumama wakhe? (2)
- 7.4 Isenzo sikaNkululeko sokukhalela uNontobeko kangaka simveza njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho. (3)
- 7.5 Uyavumelana nokuthi isigameko sokwaliwa kukaNkululeko nguNontobeko sasike sabikezelwa ngaphambili kule ncwadi? Sekela impendulo yakho. (3)

KANYE

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA B

'Usendlini, ngenani bafowethu nimbone, kusekhaya lapha,' esho egxala eqonda ngasemotweni yakhe.

'Wena? Kwasengathi uyahamba nje?' kubuza uSabelo emangele.

'Ngiyabuya mzala, kuningi okudinga ukulungiswa. Kusafanele ngiphuthume emaphoyiseni.'

'Kawudingi pho umuntu ozokukhapha?' NguMthokozisi ebuza ngexhala.

'Khululeka mzala, kangizukuba nankinga. Umuntu onidinga kakhulu nguyeye lona osendlini. Kangizukuhlala-ke nje futhi, ngiyabuya khona manje,' esho engena emotweni ngejubane esengena ukuthi bazoze bamlibazise kakhulu kunalokhu.

Yathi iyophuma ngesango imoto wayeseyichofaza inamba kaMahlengi kuselula yakhe. Lwakhala kanye ngalena, lwabanjwa.

'S'thandwa sami, wasiza washaya, cishe ngafa yinkumbulo,' kuqeketha uMahlengi echichima injabulo engabuzwa.

'Kunjani?'
 'Ungaze ubuze kodwa s'thandwa? Ngiwumqemane.'
 'Ukuphi?'
 'Ngisefulethini, kangizukusheshe ngiye e-ofisi ngoba kunezivakashi engizilindele.'
 'Kufanele ngikubone. Manje nje.'
 'Yini s'thandwa?' ebuza ngovalo.
 'Eyi, yindaba ende s'thandwa sami,' kuhlengezela izinyembezi.
 'Ngizokubona kanjani kodwa ngoba ...?' Lunqamuke besakhuluma,
 uXolani ubekhohliwe ukushaja ibhethri. Anxaphe ayigijimise kakhulu
 imoto. Uma nje ebone isithandwa sakhe kuzobe kwanele. Wo bakithi
 uMahlengi wakhe! Ubalisa ngoMahlengi nje, naye uMahlengi yiso lesa.
 Osekumkhathaza ngukuthi umzwile uXolani ukuthi lukhulu luyamudla. Hawu bakithi,
 kazi sesidliwa yini isithandwa sakhe nokwenza bethandane ngakho kodwa nje lokhu,
 empeleni ebusuku izolo? Hawu, angaba yini nje ngesithandwa sakhe angasangabazi
 ukuthi usithanda lokhu okuxakile?

- 7.6 Yisho ukuthi uXolani wasifisa sinjani isimo sezinto efulethini likaMahlengi ngenkathi eshiya emzini wakhe isimo singesihle. (2)
- 7.7 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU okwakwenzeka kumlingiswa onguMahlengi ngokwalesi siqeshana. (3)
- 7.8 Ucabanga ukuthi kungani uXolani engabatshelanga iqiniso omzala bakhe ngenkathi eya kuMahlengi? (2)
- 7.9 Chaza uphinde wesekele umyalezo wale noveli. (2)
- 7.10 Phawula ngempumelelo yombhali ekwethuleni ilukuluku kule noveli. Bhekisa esigamekweni sokudutshulwa kukaNyambose nguNdumiso. (3)
- [25]**

NOMA

UMBUZO 8 (UMBUZO OMUDE)

USUMENYEZELWE-KE UMCEBO – MJ Mngadi

Ngokubona kwakho ngabe umlandi ukwazile yini ukwethula indaba yakhe kule noveli ethi: *Usumenyezwe-ke Umcebo*? Sekela impendulo yakho ucaphune izibonelo ezinembayo endabeni. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. Ulindeleke ukuba uphendule lo mbuzo njenge-eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo:

- Ukuchaza umsebenzi womlandi ekwethuleni indaba.
- Ukuphendula umbuzo ngokucaphuna nokwesekela ngezibonelo ezinembayo.
- Ukuveza uvo lwakho mayelana nokuthi umlandi ukwazile yini ukwethula indaba yakhe.

[25]

NOMA

UMBUZO 9 (UMBUZO OMFUSHANE)**USUMENYEZELWE-KE UMCEBO – MJ Mngadi**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA A

'Nansi incwadi yakho engiyithola esigxotsheni seposi,' emnika. Wayemukela uMaNgcobo wayibuka, wayeseyivula. Amehlo abo abingelelwa yimali engamaphepha iqamele. Umniniyo washeshe wayivala engakayifundi nakuyifunda.

'Ivule Nora uyifunde.'

'Eyami incwadi. Akuyona eyakho,' esho eyivula eyifunda buthule. USithole wayihlwatha esayifunda, kwasakazeka imali phansi. Esikhundleni sokuba uMaNgcobo aphuthume incwadi ayeseyifunda umyeni, wacosha imali.

Yayinamazwi okweshela. Ngasesiphethweni yayithi:

'Uyazi ukuthi ngangivele ngikuthanda sisebancane, ngizimisele ngokuba ube wumkami esengibonile ukuthi nanamuhla ngabe ngiphila kamnandi naye. Ngeshwa, uthando lwakho lwazuzwa yileyo mpisi ohlezi nayo. Ngiyaye ngiyibuke idla izimali zabafelokazi izama ukukondla ngazo, ngikudabukele. Iwile manje, futhi ngeke iphinde ivuke leyo mpungushe ngoba abafelokazi banamuhla sebehlakaniphile, sebeyawazi umahluko phakathi kwenyamazane nempisi. Ngicela ungaphatheki kabi. Ngale mali elapha angikwesheli, angikuthengi ngayo. Ngiyakuzwela. Ngithi khanyisa ngayo ugesi, uvule ncingo engizwe kuthiwa luvaliwe, uphakele nempungushe leyo edla amatshwele abantu. Ingozi enkulu esengikwesabela kuyo wukuthi kunezifo manje ezingelapheki. Leli nkentshane lakho lizothi zinoju kondlafa, lithi litapa imali njengoba selejwayela, likutapele ukufa. Nokho lapho ofa khona nami ngiyofa nawe.'

Amazwi amadala owaziyo nawe kusengawami namanje.

Yimina isesheli sakho esidala.

HK.

'Buyisa incwadi yami Sithole,' umkakhe emjamele imali eseyifihle ezincenceni.

- 9.1 Shono isizathu esenza ukuba lona ozibiza ngo-HK ashele uMaNgcobo ebe azi kahle ukuthi ungunkosikazi womngani wakhe. (2)
- 9.2 Chaza kafushane okushiwo ngumbhali wale ncwadi ozibiza ngo-HK mayelana noSithole ukumehlisa isithunzi kunkosikazi wakhe. (3)
- 9.3 Ucabanga ukuthi uzoba njani umphumela walolu dweshu oluqubuka phakathi kukaMaNgcobo noSithole mayelana nale ncwadi ekulesi siqeshana? (2)
- 9.4 Isenzo sikaChule sokubhalela unkosikazi kamngani wakhe uSithole ezenza isesheli sakhe simveza njengomlingiswa onjani uChule? Sekela impendulo yakho. (3)
- 9.5 Uyavumelana nokuthi amagama adwetshelwe enkulumeni ka-HK encwadini ayibhalele uMaNgcobo kulesi siqeshana akhombisa ukubikezela? Sekela impendulo yakho. (3)

KANYE

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA B

Abasenegugu lolimi lwesiZulu izinsizi nezinkathazo zomphefumulo bazibiza ngomzwangedwa. Asebebhungukele esilungwini bavame ukuzibiza ngamawari. Ngale kwalawa mabizo, namuhla umqondo kaNkosiyaphakade wawushukwa amarabi omphefumulo. A, amarabi omphefumulo ngalokho kuhlwa! Ngokuncipha kwamahora empilo kaNomvula ukudideka kwaya ngokwanda kuChule.

Wayekhuluma yedwa nalapho esevala esuphamakethe. Wakhumbula umzalwane othile ayehlangane naye wamcasula ngokubiza uSicingamazibuko ngoSigencamazibuko. Nempela ukuze namuhla lo bhazabhaza wesitolo ube ngowakhe yedwa kwakufanele amgence uKaMazibuko. Kwaba umzukuzuku ukuba aphume kusona. Wayevala abuye avule angene, angazi ukuthi wayekhohlweni.

Wagcina ephumile, wahamba wayoba umzencisi ekhaya. Nakhona ekhaya amahlayana ayethi uyawaqhulula, njengoba ayengaphumi emsukeni wemizwa yothando, anqumela, aduma. Yingakho nje athi abasheshe bayolala. Balala balinganisana. Nalapho uvalo lwamshaya lwadabula izibili. Inhliziyo yayimkhumbuza ukuthi babelinganisene okokugcina, uNomvula ephefumula okokugcina ekulo mbhede. Ngomuso kwakuyothi kuba yilezi zikhathi abe egingqika emakhazeni, emzimba wembethe amahlule.

Abehlanga ubuthongo.

'Baba kwenzenjani?' evuka uNomvula embuka ngokumdabukela uChule owaphendula ngokumwola amange ethi, 'Angazi ukuthi kwenzenjani. Ngizizwa nginothando ngaphezu kwebenginalo kuzo zonke izinsuku esiziphilile nawe,' ehlafuna ubala.

'Ngiyakuthokozela ukuthandwa uwena sithandwa. Nami ngiyakuthanda,' emanga, ethuswa nawukujuluka ayikho.

Kwaba yisikhathi eside amarabi enhliziyo etshikizisa imisila ezinhliziyweni zoChule noDaffo.

- 9.6 Yisho ukuthi yini eyayibangela ukuba isimo sezinto sibe muncu emzini kaChule noNomvula ngalobu busuku. (2)
- 9.7 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU okwenzeka kuChule ngesikhathi belele belinganisene noNomvula ngokwalesi siqeshana. (3)
- 9.8 Ucabanga ukuthi ukuqanjwa kukaSonosemali ngaleli gama kwaba namthelela muni ekuziphatheni kwakhe? (2)
- 9.9 Chaza uphinde wesekele umyalezo wale noveli. (3)
- 9.10 Phawula ngempumelelo yombhali ekwethuleni ipholavuthondaba kule noveli. (2)

[25]

NOMA

UMBUZO 10 (UMBUZO OMUDE)**KUNJALO-KE – ME Wanda**

Ngokubona kwakho ngabe umlandi ukwazile yini ukwethula indaba yakhe kule noveli ethi: *Kunjalo-Ke?* Sekela impendulo yakho ucaphune izibonelo ezinembayo endabeni. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. Ulindlekeleke ukuba uphendule lo mbuzo njenge-eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo:

- Ukuchaza umsebenzi womlandi ekwethuleni indaba.
- Ukuphendula umbuzo ngokucaphuna nokwesekela ngezibonelo ezinembayo.
- Ukuveza uvo lwakho mayelana nokuthi umlandi ukwazile yini ukwethula indaba yakhe.

[25]**NOMA****UMBUZO 11 (UMBUZO OMFUSHANE)****KUNJALO-KE – ME Wanda**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA A

'Lalela lapha ngikutshele-ke mina: u*Jeffrey yi boy-friend* yami. Uthi mina!' Washo waze wambambatha isifuba phezu kwamabele.

'Uyazi bengithi uzothi ungu *vrou* wakhe. Kanti uyi *girl-friend* nje?'

'Ngicela ushaye sengathi uyahlukana naye! Uyangizwa? Hlukana naye, kungenjalo kukhona okusina kukujejeza. Angikwazi ukubanga nengane yesikole mina.'

'Wangishela-ke nami uthisha njengoba nawe akushela.' Washo maqede washingila uDumazile, wamshiya umisi egcwalelana wukucikeka.

UDumazile wakhazuzela waqonda endlini encane. Wangena, wathula ecabanga:

'Lo Misi uyangihlanyela. Ucabanga ukuthi mina ngingahlukana no *father of my child to be?* Unamagangangozi! Ufuna kube ngeyakhe kuphela ingane ezokuba nobaba? Kanti ngeke akubone lokho. Ngeke mina ngihlukane nothisha uMoloi; noma kuthiwani, ngeke! Sekungamane kungijejeze-ke lokho okuthiwa kuyasina. Uma kuthanda kungasina kuze kushaye amankeyane. Ngixhumaphi mina ezintweni ezisinayo?'

UMisi Hlophe wangena esitafulumu ebitozu, kungavumi ngisho ukuba akhulume.

'Kwenzenjani misisi? Nibambanile yini ngezandla?' kubuza uMemu Mpungose eseqala ukukhathazeka. Wayazi phela ukuthi isikhuni sibuya nomkhwezeli. Umisi akawuphendulanga umbuzo, kodwa wacela ukuba aphuziswe amanzi ukuze ehlise igwebu.

'Angikwazi mina ukubanga nale nto! UJeffrey uzongitshela kahle ukuthi ubeqondeni ngalesi senzo sakhe.'
 'Uvumile kodwa ukuthi bayathandana?'
 'Uqale wangichwensa nje, wangibhekisa lena nalena. Kwathi ekugcineni wavuma.'

- 11.1 Shono isizathu esasibanga ukuba uMisi Hlophe abe nokuzethemba okungaka ngokuthandana kwakhe noJeffrey kulesi siqeshana. (2)
- 11.2 Chaza kafushane ngokulandelana kwezigameko ezenzeka ngenkathi uMisi Hlophe ehlangana noDumazile. Bhekisa impendulo yakho kulesi siqeshana. (3)
- 11.3 Ucabanga ukuthi uzoba njani umphumela wodweshu phakathi kukaDumazile noMisi Hlophe empilweni kaMisi Hlophe njengothisha? (2)
- 11.4 Isenzo sikaMemu Mpungose sokutshela uMisi Hlophe ngoDumazile simveza njengomlingiswa onjani uMemu Mpungose? Sekela impendulo yakho. (3)
- 11.5 Uyavumelana nokuthi amagama adwetshelwe enkulumeni kaDumazile kulesi siqeshana akhombisa ukubikezela? Sekela impendulo yakho. (3)

KANYE

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA B

'Ngizomemeza.' UDumazile esho ngoba ebona uSithole ekhuluma ngendlela ayengayejwayele neze.

'Umemezeni?'

'Hhayi bo! Kodwa bazothini nje abantu?' 'Bazothini kwani? Abantu balapha abazi lutho ukuthi mina nawe siyizini. Bazocabanga ukuthi wena uyinkosikazi yami. Akekho umuntu owazi uMaNzimande lapha.'

'Ngeke bo baba kaMpisendlini! Ngeke kulunge!' asho uDumazile aze anikine ikhanda ekhombisa ukuthi akafuni ngempela nje. USithole wehlisa umoya. Wabona ukuthi kufanele aqwale umqansa. Wathembisa uDumazile umhlaba nezulu. Akukho ayengakusho ukuthi kuyoba ngokwakhe uma sebethandene. Ngisho indlu lena wamthembisa yona. Kwathi ngesikade babuye bazixoxela nezinye izindaba eziphathelene nomsebenzi. Ngesikhathi sokulala, uDumazile walala ekamelweni lakhe, kanti uSithole walala kwelinye.

UMaNzimande akazange abuthi quthu ubuthongo e-Adams. USithole wayeqala ngqa ukungalali ekhaya engabikanga. Kwathi ngesikabhadakazi, wavuka uMaNzimande, wahlala ngezinqe phezu kombhede, wacabanga:

'Kungenzeka nje uyise kaMpisendlini uphukelwe yimoto? Mhlawumbe useqonyiwe, kwazi bani? Uma kuze kusa engaqhamuki, kuzofanele ngivuke ngiyombheka esitolo. Ehhe, ngizokwenze njalo.' Bathi lelele ubuthongo, wazumeka.

Nakho-ke esefikelwa yiphupho elethusayo. Uphupha ebona uvava lwenkunzi olumnyama bhuqe luza kuyena luthibile. Wathi zinyawo zami ngibelethe. Wabaleka waze wayoqhamukela emfuleni owawungenisa; kwehla izigodo kanye namabibi. Amanzi kwakungekhona ukungcola kuyizibhidi. Kwathi kusenjalo, kwaqhamuka isihlenga sewusa umfula. Kusona kwakukhona uSithole kanye nesipatsha sentokazi engathandanga ukubheka ngakuyena uMaNzimande. Wakhala kakhulu uMaNzimande efuna ukuya kumyeni wakhe kodwa isihlenga samshiya. Wazama ukugijima osebeni lomfula kodwa kwaba nhlanga zimuka nomoya.

- 11.6 Yisho imbangela yokushuba kwesimo emzini kaSithole esaholela ekuthengeni kwakhe umuzi emafezini. (2)
- 11.7 Fingqa iphupho likaMaNzimande ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
- 11.8 Ucabanga ukuthi ukuqanjwa kukaDumazile ngaleli gama kwaba namthelela muni ekuziphatheni kwakhe? (2)
- 11.9 Chaza uphinde wesekele umyalezo wale noveli. (3)
- 11.10 Phawula ngempumelelo yombhali yokwethula uvuthondaba kule noveli. (2)
- [25]**

NOMA

UBUCIKO BOMLOMO: *UJU LWEZIZUKULWANE – KL Makhoba*

Phendula umbuzo OWODWA.

UMBUZO 12 (UMBUZO OMUDE)

Lezi zinhlobo zobuciko bomlomo ezingezansi zisifundisa ngomlando wokudabuka kwezinto (imvelaphi) ezithinta impilo yomphakathi nezici zezilwane ezithile. Uyavumelana noma uyaphikisana nalo mbono? Sekela. Ubude bempendulo yakho abube inani lamagama elisukela kwangama-340 kuya kwangama-390, ihleleke ngale ndlela:

- Cacisa ukuthi uyavumelana noma uyaphikisana yini nombono.
- Yethula amaphuzu asekelo impendulo yakho ngokubhekisa engqikithini noma emqondweni oqukethwe isibonelo sohlobo ngalunye lobuciko bomlomo olubalwe ngezansi.
- Uvo lomfundi.
- Ipendulo mayihlelwe njenge-eseyi.

INGANEKWANE: *UNWABU NENTULO*

'Gijima kakhulu uyotshela abantu ukuthi sebezokufa kusuka namuhla. Sengifuna ukuba nesibalo esilingene sabantu emhlabeni. Ungahambi kancane njengoba kwenze unwabu,' uMdali ekhuluma njengomzali. Yaphuma endlini seyiqhasha njengenhlansi intulo. Yaluleka intulo, yanwebeka intulo. Yafingqana intulo yafinyela yaze yangangenhlamvu yesibhamu. Yathi seyinqamula emafusini, yazithela kumthakathi wezindaba ongunwabu ephulula umkhaba ngaphansi kwesihlahla sobukhwebezane.

Usadla phela unkabi, kuphela nje usekhetha izinhlamvu ezinkulu futhi ezivuthwe kakhulu kunezinye. Ngisho ukuthi ime intulo ibuze unwabu ukuthi kuhamba kanjani, yashaya yachitha. Kwathi noma sekufika ukuhalela ubukhwebezane kodwa yaqinisela yadlula sengathi ayibonanga. Yaqhubeka nohambo njengoba ithunyiwe nguMdali.

Yafika ngokushesha emhlabeni intulo. 'Kuthiwe abantu abafe, kusuka namuhla. Ngithunywe nguMdali!' yakhuluma yanqamulela intulo, ngoba yayisifile ukukhathala. Yabuyela emuva ngokushesha ingenandaba nesidumo esasuka uma bezwa lezi zindaba abantu.

Kwathi emuva kwezinsuku unwabu lwazidonsa yize lusuthi kakhulu, lwaya emhlabeni luhambisa umbiko. 'Abantu bazophila unomphela akekho umuntu ozokufa. Ngithunywe nguMdali!' Unwabu lwamemeza kakhulu yize ukusutha kuphazamisa ekukhulumeni.

'Hamba ushone silwane esibi! Hamba nwabu ndini. Sibambe elentulo efike kuqala thina. Ungadlali ngathi lapha,' abantu behebeza unwabu beluxosha. Lwabuyela emuva unwabu luzihudula. Ayelubambile amahloni ngokungazilaleli iziyalo zoMdali. Lwafika seludangele lwabika konke okwenzekile endleleni. 'Silwane esingezwa, ngizokuhlululisa ngokuthi wena nenzalo yakho nihambe ngokugema nisikaze uma ninyathela. Ngizokwenza ukuthi uhambe ufana nanoma iyiphi indawo ohamba kuyona ngoba awethembekile,' uMdali ekhomba unwabu ngekhandu. Wena ntulo, uzogijima kakhulu namuhla futhi uzokwazi nokuhamba emadwaleni nasemthini ukuze uzivikele ezitheni.'

IZIBONGO: IZIBONGO ZENKOSI U-ALBERT LUTHULI

- 1 Inggungqu' eshay' amaphiko phezu koMvoti,
- 2 Kwanyakaz' amahlomb' abelungu,
- 3 Kwathi i-American Board
- 4 Yamthwesa isicoco.
- 5 Abelungu bakufundis' ulimi lwenkomo kaHaga
- 6 Kant' uzobaphendukel' esiswini njengotshwala.
- 7 Umkhombi wendlela ayikhathule,
- 8 Umhambi wendlela ayikhombile.
- 9 Ongagcinanga ngokukhomb' inkululeko,
- 10 Kodwa wayifaka wayitshikitshela,
- 11 Wayifaka esikoleni
- 12 Wayifaka esontweni.
- 13 Indlela yenkululeko.
- 14 Ngiyasesaba isibindi sakho we Mandlanduna!
- 15 Ndlovu Kayibhekeki,
- 16 Ndlovu edel' ukubusa
- 17 Yaqoma ukuhlupheka.
- 18 Indlovu ethe iwela ibheke kwaBulawayo
- 19 Babeyixokozelela abasekhaya,
- 20 Indlovu ethe iwela ibheke koNoweyi,
- 21 Babeyihlanganisela abasezitheni.
- 22 Namhlanje bakhexile ngeNobel Peace Prize.

- 23 Mqali wezindlela ezenyukelayo,
 24 Mqambi wezindlel' eziya ku-1994,
 25 Uyibekile induku ebandla,
 26 Wabashaya engeqiwa ntwal' abaMhlophe,
 27 Madlanduna awuseyikubhubha.
- 28 INkosi evivise ngepensela,
 29 Abelungu bevivisa ngemijojantaba.
 30 Wabengul' inkung' abakithi,
 31 Kwath' abeLumbi wabagez' ubebebe,
 32 Sewungenisile mfo kaMvumbi
- 33 Zaziyishumi kuZibandlela 1961,
 34 Bekwethwes' imyezane yokuthula,
 35 Kwamangala umhlaba wonke,
 36 Awusalweli uKhongolose kuphela,
 37 Awusalweli ama-Afrika kuphela,
 38 Sewulwela umhlaba wonke.
 39 Uyingqwayingqwayi, uyingqonyela!

AMAHUBO: THINA SENZE NJE

IGOSA: Thina senze nje,

ABASEBENZI: Thina senze nje uma sifun' imali. Thina senze nje.

IZIMO ZOKUKHULUMA

ISAGA: Sibambe elentulo

ISISHO: Ukuba unwabu

*ISIPHICAPHICWANO: Ngikuphica ngomkhwenyana wami ongathwali masudu kodwa
 owashintsha ewashintshile.
Impendulo: Unwabu

[25]**NOMA**

UMBUZO 13 (UMBUZO OMFUSHANE)**UJU LWEZIZUKULWANE – KL Makhoba****IZINGANEKWANE**

Fundisisa lezi ziqeshana zezingane kwane ezimbili bese uphendula imibuzo elandelayo ngezansi kwesiqeshana ngasinye.

ISIQESHANA A: AMAHLAYA ALALA INSILA

UVelaphansi wayehola abantu bakwaNzimande ngalezo zikhathi zikaShaka. Abantu bakwaNzimande badume ngezithakazelo zoGwala noMphephethe.

AMaphephethe ayengasebenzi. Ayenekhono lokukhetha usawoti esihlabathini. Isithakazelo sakwaMphephethe savela ngokuthi babephephetha isihlabathi solwandle kusawoti. Uma-ke usawoti sebewunekile waze woma, babewuthatha bawusonge ngezikhumba bawuyise eNdlunkulu.

ISilo uShaka wayebathanda abantu bakwaNzimande ngenxa yokuthi wayekhonze uVelaphansi. Phela uVelaphansi wayehola aMaphephethe futhi edume ngokuba noteku. UShaka wayezifela ngomuntu otekulayo. ISilo sagcina sesikwenze kwaba umthetho ukuthi uVelaphansi abe ngusomahlanya waseNdlunkulu. UVelaphansi wayesholo iSilo amahlanya njalo uma siphumulile noma kukhona izivakashi. Sesiyohleka-ke iSilo kujabule wonke umuntu. Akekho ongeke ajabule uma ebona okaNdaba emoyizela.

Langa limbe uVelaphansi wacabanga ukuthi uzosihlekisa ngani iSilo uma esebizwa ukuzokwenza amahlanya. Wacabanga wacabanga, do ukufika ihlaya elisha. Akufuneki phela ukuthi asho ihlaya elidala futhi elaziwayo eNdlunkulu. Kubi kakhulu uma lelo hlaya selake lashiwo nguyena. Akufuneki ukuthi adlale ngezindlebe zeSilo. Wafika umcabango ngokushesha. Wahleka yedwa umfo kaMphephethe. Wayesephumile osizini ngoba ihlaya elisha seliqhamukile.

Wadumela amaqaga amabili azifele wawasonga ngesikhumba esikhulu sengwe. Safika ngaleso sikhathi isithunywa esivela eNkosini uShaka. INkosi yayifuna ukuthi uVelaphansi enze adume ngakho.

'Hlanga lwezwe! Ngiphathele inkosi yami engiyithandayo futhi engiziqhenyayo ngayo isipho esihle ...'

- 13.1 Gagula umlingiswa omkhulu kule ngane kwane. (1)
- 13.2 Chaza kafushane umlando wokudaleka kwesithakazelo sakwaNzimande esithi, Mphephethe ngokwalesi siqeshana esingenhla. (2)
- 13.3 'Isenzo sikaVelaphansi sokuletha iqaga elinukayo eNkosini uShaka sahumusheka njengokwedelela okukhulu.' Yisiphi isisho esakhiwe ngamagama '**inja nesonto**' esichaza lo mbono? (1)
- 13.4 Phawula ngodweshu lwangaphandle, uchaze ukuthi lwaba namthelela muni ekudalekeni kwesithakazelo sakwaGwala esibongweni sakwaNzimande. (2)

KANYE

ISIQESHANA B: INKOSI YEZINYONI

'Ubukhosi lobu ngobami,' washo ungedede ebuka ezinye izinyoni ezihlekela. 'Kubukeka kusahlaya ukuthi usigaqele kabi lesi sikhundla ngedede. Uzazi kahle ukuthi awukwazi ukundiza,' laphendula iqola.

Walala ephenduka ungedede ecabanga amazwi eqola. Wabheka zonke izilwane ezazingenela umncintiswano. Wabona kungumathebethebana ozokudla umhlanganiso. Ngubani ongazi ukuthi ukhozi lunejubane ngoba phela lundiza luze lume mpo emkhathini, lubhakuzisa amaphiko lusamile lunganyakazi? Kuzwakale okungabafana bokwelusa sekulubongela: 'Mathebethebana awungishayel' inkondlo!

Mathebethebana awungishayel' inkondlo!

Wasuka-ke umjaho, izinyoni zasuka zasitha ilanga, kwasala ithunzi emhlabeni. Zatshuza zonke zibheke phezulu. 'Bha! Bha! Bha! Bha!' kuzwakala amaphiko ebanga umsindo wokudabula umkhathi. Kwathula umoya, amaphiko abusa emkhathini.

Idada kanye nempangele zaphuma phambili ngokushesha. Ayingangamlomo! Kade idada liqalile linyenyezela ezinye izilwane likhombisa ukuthi lizophumelela kanjani uma sekuncintiswana. Lezi zinyoni zombili azibuzanga elangeni ngoba lwasuka ukhozi lwaqonga lwaze lwedlula emafini. Lwazishiya lwazithela ngothuli yize lundiza emkhathini.

'Yimina inkosi!' ukhozi lwakloloda lubuka ezinye izinyoni ngaphansi kwalo. Kwaduma ihlombe elikhulu ezibukelini ezikude emhlabeni. Lusakloloda ukhozi, senzeka isimanga. Kwaphuma okungungcedede ekhwapheni lokhozi. Kwaphuma kwaqhasha sengathi inhlamvu uma iphuma kudutshulwa. Watshuza ungedede wenyukela emafini.

'Halala ngedede! Halala ngedede! Azwakala amazwi ezibukeli ezisemhlabeni.

'Bhekani okuwungcedede!' ...

- 13.5 Shono isizathu esenza iqola liwathathise okwehlaya amazwi kangcedede uma ethi ubukhosi buzoba ngobakhe. (1)
- 13.6 Ngomusho OWODWA, qoqela ndawonye zonke izimpawu zokhozi ezazenza ungedede abone kuyilo oluzodla umhlanganiso ngokwalesi siqeshana senganekwane. (2)
- 13.7 Chaza isaga esithi, intuthwane iyalithwala itsheketshe ngokubhekisa ezigamekweni zalezi zinganekwane ezimbili ezingenhla ngokwehlukana. (2)
- 13.8 Chaza ukuthi impendulo yalesi siphicaphicwano esingezansi ixhumana kanjani nesigameko sale nganekwane:
- Ngikuphica ngongqi mana la.*
Impendulo: ameva (1)
- 13.9 Phawula ngesiphetho sale nganekwane, uchaze ukuthi siyifanele yini inganeko-silwane. (2)
- 13.10 Isikhova sajeziselwa iphutha okwakungelula ukuba siligweme. Uyavumelana noma uyaphikisana nalo mbono? Sekela impendulo yakho. (1)

KANYE

IZINKONDLO ZOMDABU

Funda la mabinza acashunwe ezibongweni, emahubeni nasezithakazelweni bese uphendula imibuzo ezolandela ngezansi:

IZIBONGO: USUKU LWAMAGUGU

- | | |
|----|--|
| 1 | Ngivumele ngisine ngosiba lwakithi, |
| 2 | Ngivumele ngigiye ngokugiya engikwaziyo, |
| 3 | Ngivumele ngihlobe ngengizigqaja ngakho, |
| 4 | Ngizibonakalise ukuthi mina ngingubani. |
| 5 | Noma sengaveteza nje |
| 6 | Kodwa akubona ubunjalo bami, |
| 7 | Ngubani owakutshela okungesikho ngami? |
| 8 | Engehlisa izinga ngamamodeli? |
| 9 | Ngibe ngizazi kahle |
| 10 | Ngingadinge kubalelwa amamodeli. |

IHUBO: QHAKAZA

- | | |
|----|---|
| 1 | Qhakaza, uqhakazise, |
| 2 | Noma ngingaqhakazanga. |
| 3 | Kodwa ngizamil' ukukuqhakazisa. |
| 4 | Ukuze uqhakazise. |
| 5 | Noma ngingelutho futhi |
| 6 | Noma ngingenalutho kulo mphakathi |
| 7 | Sengethembe wena |
| 8 | Kunto kwami ukuthi uzoqhakazisa |
| 9 | Nobengangiboni uzobheka ngamany' amehlo |
| 10 | Ekhangw'ukuqhakaz'akubonayo. |

IZITHAKAZELO: EZAKWASITHOLE

- | | |
|---|------------------------------|
| 1 | Maphitha! |
| 2 | Mthembu waseGubazi, |
| 3 | AbaThembu bengabakwaMvelase. |
| 4 | Ngqikazi kaGabela, |
| 5 | Zitsha zimnyama |
| 6 | Zingamankankazana, |

13.11 Tomula amagama enza impindamqondo emgqeni woku-1 nowesi-2 ezibongweni: Usuku Lwamagugu. (1)

13.12 Funda lesi siphicaphicwano bese uchaza ukuthi impendulo yaso ixhumana kanjani nokuqukethwe umugqa wesi-3 kuleli binza lezibongo elingenhla.

Ngikuphica ngezinceku zami ezithi uma zihamba zibe zigiya ziqephuza zithi:
'Sibuz' indlela! Sibuz' indlela!

Impendulo: injobo (2)

- 13.13 Caphuna imigqa equkethe isibonelo se-enjambamenti lapho imbongi igcizelela umqondo wokuziqhenya ngolimi lwayo ezibongweni: Usuku Lwamagugu. (1)
- 13.14 Uthini umyalezo owethulwa yileli binza elisezibongweni mayelana namagugu emphakathini? Impendulo yakho mayiqukathe isisho esisuselwe esilwaneni esingaqondakali ukuthi siyinyoni noma singolunye nje uhlobo lwesilwane. (1)
- 13.15 Beka ngokuqoqekile umqondo oqukethwe umugqa wesi-2 kuya kowesi-3 ehubeni: Qhakaza. (1)
- 13.16 Uyavumelana noma uyaphikisana nombono wokuthi ibinza elicashunwe ezibongweni zosuku lwamagugu nehubo elithi, Qhakaza, kokubili kuqukethe umoya wokugquguzela? Sekela impendulo yakho. (2)
- 13.17 Ucabanga ukuthi bukhona yini ubuhlobo phakathi kwesibongo sakwaMthembu nesakwaSithole? (1)
- 13.18 Tomula isibonelo semvumelwano-siqalo etholakala kule ngxenye yezithakazelo ezingenhla. (1)

[25]**AMAMAKI ESIQEPHU B: 25**

ISIQEPHU C: UMDLALO

Phendula umbuzo OWODWA ngenchwadi oyifundile.

UMBUZO 14 (UMBUZO OMUDE)**KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo**

Uyavumelana nombono othi indikimba yalo mdlalo othi: *Kudela owaziyo* imayelana nodlame lwasekhaya nolwezifiki? Sekela impendulo yakho ngokubhekisa ezehlakalweni ezinembayo zalo mdlalo. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. Ulindeleke ukuba uphendule lo mbuzo njenge-eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukuphumela obala: Ngiyavumelana/Angivumelani.
- Ukuchaza indikimba.
- Ukuphendula umbuzo ngokusekela ucaphune izehlakalo ezinembayo zalo mdlalo ezigqamisa indikimba.
- Ukuveza uvo lwakho mayelana nendikimba onikezwe yona.

[25]**NOMA****UMBUZO 15 (UMBUZO OMFUSHANE)****KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA A

MDALULI:	Ekuseni namhlanje ngivuka nephupho ebelingihlasele ebusuku bona kanye impela lobu esisuka kubo ... (<i>aphazamiseke</i>)
MBHEBHEZELI:	(<i>ngokumangala esemngakela phezulu ngenkulumo</i>) Hhayi bo! Kahle wena! Kanti namanje usakholelwa emaphusheni? Wagcina nini nje ukuchatha nokuphalaza ukhiphe inyongo?
MDALULI:	(<i>ngezwi eliphakeme</i>) Musa <u>ukungihlala emadevini</u> mngane. Bengiseza nayo indaba ...
MBHEBHEZELI:	(<i>enqekuzisa ikhanda</i>) Hhayi- ke mangingabe ngisakuxhila ntanga. Qhubeka wena.
MDALULI:	Ephusheni engivuka nalo ngibona iviyo labantu besilisa abampisholo. Laba bantu bakhuluma ulimi olungaqondakali. Baliqhamukisa eNyakatho yakuleli lengabadi uma bezama ukukhuluma lolu limi lwethu, inkulumo ayihlangani kahle.

Kukhona inkulumo engeqiseleka kuyona ngenxa yokuphimiseleka kwamagama. Ngithi ngisabuka lokho futhi ngisamangele bavele baphele emehlweni laba bantu ngingabe ngisazi ukuthi baphelelephi. Emizuzwini emibalwa ukusuka lapho ngivele ngiphazanyiswe ngesinamandla isiphepho lesi esibhenguzana ngendlela engilahlisa ithemba lempilo. Khona manjalo linqamuke iphupho ngenxa yokugajwa wukuthuthumela ...

MBHEBHEZELI: (*aphefumulele phezulu*) Angiqedi kwazi ntanga ngalezi zinto ezihambelana namaphupho ngoba angisiyena uJosefa waseBhayibhelini mina inyanga yamaphupho kumbe -ke umphrofethi uDanyeli esizwa ngaye eTestamenteni elidala kuthiwa wabe engumchazi wamaphupho enkosi yaseBabele uBelishasari. Khona ngokubuka kwami isiphepho lesi sibika uhlupho nenkathazo okuzohamba kuhambe ubhekane nayo. Engingakucebisa ngalo nje mina ntanga wukuthi uthole UNGQEQE INCWADI YAMAPHUPHO. Yiyona ezokudwebela sigqame bha isithombe sokuthi ngabe leli phupho lakho liphethe myalezo muni.

- 15.1 Yisho isigameko eshlela uMdaluli esifakazela incazelo yephupho ayithola kuMbhebhezeli. (2)
- 15.2 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU iphupho likaMdaluli elikulesi siqeshana. (3)
- 15.3 Ngabe amazwi adwetshelwe kulesi siqeshana akunikeza muphi umqondo kunkulumo-mpendulwano ephakathi kukaMbhebhezeli noMdaluli ekulesi siqeshana? (2)
- 15.4 Izenzo zikaZenyezile kulo mdlalo zikhombisani ngoSonhlalakahle emiphakathini abayisebenzelayo? Bhakisa impendulo yakho emndenini wakwaMemela. (3)
- 15.5 Lo mdlalo uyimbangalusizi. Uyavumelana yini nalo mbono? Sekela impendulo yakho. (3)

KANYE

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA B

MAMLANDULI: (*ngezwi elidabukisayo*) Wewu! Asisale sesihlanza ngedela bantabami. Lisilahlile ngempela uma kuya ngoba singenelwa imibiko enjengale.

ZENYEZILE: Londiwe dade, uma kuya ngoba iqhawe liwile okwangempela lalala umlalela wafuthi, amehlo wonke asebeke wena lapha ekhaya ukuba ucoshe inkemba yalo njengosisi omdala phela osezokuma njengeqhawekazi phakathi kwalo muzi. Lesi sikhali sokunqoba engikhuluma ngaso ngesokubhukula ukuze uxoshe indlala lapha ekhaya ... (*aphazamiseke*)

LONDIWE:	(<i>amenqakele phezulu</i>) Hhayi bo! Wadlala ngami nje wena Zenyezile dadewethu? Ngingayinqoba kanjani kodwa le mpi engaka yokuxosha indlala lapha ekhaya njengoba ngingakahlomi ngokuphelele nje ngezikhali zemfundo? Ingani uyazazela nje nawe ukuthi ngisasalelwe iminyaka emithathu yonke ngaphambi kokuba ngiphothule eKolishi lobuChwepheshe nokuqeqeshwa ngicijele umsebenzi anduba ngibe sethubeni elihle kakhulu lomsebenzi?
ZENYEZILE:	Yinto engiyazi kahle kakhulu leyo Londiwe kodwa-ke phela ungecashe ngayo. Akuqali ngawe ukuhlangabezana nesimo sokugubuzelwa ifu elimnyama lokulahlekelwa ngubaba wekhaya ngesikhathi isimo sisacikizela njengalesi salapha ekhaya. Miningi imindeni eke iqondane nesimo esibucayi njengalesi kumbe ngaphezu kwalesi salapha ekhaya kodwa iNkosi iwenze khona kunjalo amandla okuba ijike isimame. Phela kuthiwa uNkulunkulu ngumqambi wamacebo enjalo nje futhi unguyise wezinkedama nabafelokazi.
LONDIWE:	Njengesisebenzi esesimnkantshubomvu kulo msebenzi wezeNhlalakahle, sale sewungihlahlela indlela phela Zenyezile dadewethu.

- 15.6 Kwakubangelwa yini ukuthi uZenyezile athi kuLondiwe amehlo wonke asebeheke yena uma kuya ngokuthi uyise useshonile? Bhakisa impendulo yakho kulesi siqeshana. (2)
- 15.7 Chaza kafushane okushiwo uZenyezile mayelana nesimo sokugutshezela ifu elimnyama kukaLondiwe ngokwalesi siqeshana. (3)
- 15.8 Ucabanga ukuthi sizoba njani isimo sezinto emndenini wakwaMemela uma uLondiwe engaphothuli izifundo zakhe eKolishi lezobuChwepheshe? Sekela impendulo yakho. (2)
- 15.9 Yini inhloso yomlandi yokusebenzisa amazwi kubakaki enkulumeni kaMaMlanduli kulesi siqeshana? Sekela impendulo yakho. (3)
- 15.10 Phawula ngobudlelwano bomlingiswa ongummeleli nendikimba yalo mdlalo. (2)

[25]**NOMA**

UMBUZO 16 (UMBUZO OMUDE)**AWUWELWA UMNGENI – M Gcumisa**

Uyavumelana nombono othi indikimba yalo mdlalo othi: *Awuwelwa Umngeni* imayelana nombangazwe nobulungiswa? Sekela impendulo yakho ngokubhekisa ezehlakalweni ezinembayo zalo mdlalo. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. Ulindeleke ukuba uphendule lo mbuzo njenge-esityi.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukuphumela obala: Ngiyavumelana/Angivumelani.
- Ukuchaza indikimba.
- Ukuphendula umbuzo ngokusekela ucaphune izehlakalo ezinembayo zalo mdlalo ezigqamisa indikimba.
- Ukuveza uvo lwakho mayelana nendikimba onikezwe yona.

[25]**NOMA****UMBUZO 17 (UMBUZO OMFUSHANE)****AWUWELWA UMNGENI – M Gcumisa**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA A

MBONGOLO: Kungefihlwe belungu nani mambuka akithi ukuthi izinhliziyi ziyopha kithina ngokugejulwa kwezwe likaBaba limane liphiwe abelungu kuhle komgexo singasalilwelanga. Nokho izinhliziyi zethu bese zaxola sabamukela abelungu bamapulazi. Kodwa ngokuwuhlaba kwabo inhlali uma uSomtsewu esiqhatha bafuna ukubona into abangakaze bayibone selokhu kwathi nhlo mhlawumbe selokhu bayigcina eSandlwane. Nifunelani ukuba sibhoxabhoxane ngemikhonto ngento esobala kangaka? Niqonde ukusidubula konje?

ZITHULELE: Khuza lo muntu wakho Salimani!

SALIMANI: Ngumfowethu lona usuyamazi. Angizomkhuza. Mina wena Mgqabula ngikweluleka ukuba ubuyele emuva kulabo obusuvumelene nabo ukuthi uzosemukela lesi siphobanipha sona, ubakhuze behlukane nalo mqondo.

MGQABULA: Ngizozama ukubonisana nabanye onkosana. Nami angifisi neze ukubona ulaka lwabantu bakho. Kodwa-ke kumele nawe nabantu bakho niqaphele. Ningazivuseli ulaka lukaHulumeni, onkosana bamapulazi nabantu babo.

MCONDO:	Seninabantu nani? (<i>Ebhuya</i>). Kungakuhle wenzenjalo. Mgqabula kuhle usheshe wenze njengoba wethembisa ukuze sihlalisaneni ngokuthula. Kodwa uyeke ukusonga.
MBAKABAKA:	(<i>Kwangena izintombi ezine ziphethe utshwala ngezichumo zobumba nezalala. Enye ithwele ukhamba. Eyesine iphethe amanzi ngesitsha sokuhlambela.</i>)
MCONDO NOMEHLO MPHILIPHILI	(<i>Basukuma bayakhuleka bayalandelana bayongena ekhaya kwaMcondo.</i>) <i>UMphiliphili ubuya ugquba ugadlakazi lwemvu. UNomehlo uphethe inyama yemvu evuthiwe ngogqoko. UMcondo uyabalandela uphethe izingqoko ezimbili. UNomehlo ukudla ukubeka phambi kukaSalimani. UMphiliphili imvu uyimisa phakathi nesibaya sodiwo budebduze noSalimani.</i>
SALIMANI:	Hlambisa nampa abelungu izandla wena kaMgingqika.
NOMEHLO:	(<i>uthatha amanzi unikeza uMbakabaka. Enye intombi ithi ihlambisa uZithulele nahamba nabo.</i>)
ZITHULELE:	(<i>asukume</i>). <u>Anqiyidli inyama 'nabantu' mina.</u>

- 17.1 Yini eyayibangela ukuthi umlingiswa onguZithulele athi uSalimani akakhuze umfowabo uMbongolo? (2)
- 17.2 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU inkulumo kaMbongolo ekulesi siqeshana ngawakho amagama. (3)
- 17.3 Ngabe amazwi adwetshelwe kulesi siqeshana anikeza muphi umqondo ngokwesimo senhlalo kulo mdlalo? (2)
- 17.4 Izenzo zikaMphiliphili kulo mdlalo zikhombisani ngezinye izinduna ezindaweni zamakhosi? Bhekisa impendulo yakho kulo mdlalo. (3)
- 17.5 Lo mdlalo uyisenamisi. Uyavumelana nalo mbono? Sekela impendulo yakho. (3)

KANYE

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA B

IJAJI:	<i>(litolikelwa)</i> Kuyacaca ebufakazini osebethuliwe ukuthi impi yalwa kwaVimbingwenya. UVimbingwenya yindawo ephethwe uSalimani. Kuyacaca-ke ukuthi abantu basemapulazini abeqa umngcele wendawo yabo beqela kwekaSalimani, baqonda enkundleni esemzini wenduna engomunye wofakazi. UMgqabula wayengekho ilwa le mpi. Ofakazi bohlangothi lukaMgqabula nabo babengekho bobabili. Babengekho endaweni okwalwela kuyona impi, ngisho ngabe omunye wabo wayibona ukusuka nokuphela kwayo le mpi. Ababili bofakazi bohlangothi lukaSalimani babekuyo le ndawo okwabambana kuyona impi. Omunye wabo wayelamula. Ngakho-ke kuyacaca ukuthi uMgqabula nguyena owahlasela uSalimani base beyaziphindisela-ke. Ngakho-ke liyamthetha uSalimani leli cala. Ayesulwa wonke amacala abekwe uSalimani nabantu bakhe. Zonke izindleko zecala zizothwala ummangali.
NODWENGU:	<i>(Esholo phansi.)</i> Lilahle bani yena! Yeka Nowelamuva wawoSomtsewu!
AMABUTHO:	<i>(Ayahhomuzela kuba nobuxokololo.)</i>
ONONGQAYI:	<i>(Bakhuza umsindo.)</i>
IJAJI:	<i>(Litolikelwa libhekisa kumshushisi.)</i> Kukhona ofuna ukukusho?
UMSHUSHISI:	<i>(etolikelwa)</i> Mehluleli ohloniphekileyo. Kuyacaca ebufakazini bonke obuphambi kwenkantolo nosebethulelwe le nkantolo ukuthi ummangalelwa ecaleni lokuqala akanacala. Abantu bakammangali abasuka endaweni yabo bayongena endaweni kammangalelwa ngenhloso yokususa uchuku. Babeyohlasela. Uma babengayile kohlasela babengeke babe baningi. Babengeke bafike khona ebusuku. Babengeke bathwale izikhali. Babengeke baphathe futhi bashaye amacilongo. Ngakho-ke kufanele limlahle icala lokuhlasela ummangali.
MCONDO:	<i>(Ekhulumela phansi.)</i> Niyayizwa indoda eyabufundela yagogoda ubushushisi?

- 17.6 Chaza indlela abantu basemapulazini abafinyelela ngayo kwaVimbingwenya ngokwalesi siqeshana. (2)
- 17.7 Nikeza OKUTHATHU okuyincazelo yejaji okwabangela ukuba limthethe uSalimani icala ngokwalesi siqeshana. (3)
- 17.8 Chaza imbangela yokukhulumela phansi kukaNodwengu. (2)

- 17.9 Yini inhloso yomlandi yokusebenzisa amazwi adwetshelwe kubakaki enkulumeni yejaji kulesi siqeshana? (3)
- 17.10 Phawula ngobudlelwano bomlingiswa ongummeleli nendikimba yalo mdlalo. (2)
[25]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 25
AMAMAKI ESEWONKE: 80